**INKULUMO EYETHULWA EGAMENI LIKANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI NOKWETHULWA KUKA-OPERATION VAL'INGOZI, EMVOTI, NGOMGQIBELO, MHLAKA 10 DECEMBER 2011.**

Mphathi wohlelo;
INkosi uNtanzi;
AmaKhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
IMeya yoMkhandlu waseMvoti;
AmaKhansela;
IziNduna zamaKhosi;
Izisebenzi zemiNyango yonke ekhona lapha;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuThutha nakwezokuPhepha noXhumanisa uMphakathi;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masiqale ngokudlulisa ukuxolisa egameni likaNgqongqoshe ophathiswe lo Mnyango uMhlonishwa uMacingwane ongasakwazanga ukuba yingxenye yalo mcimbi ngoba kudingeke aphuthume ayomela uHulumeni emngcwabeni weNduna, uBaba uMkhize, esanda kubulawa laphaya eMaqongqo.

Masibonge-ke ukuthi sesiphinde sathola ithuba lokuthi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, singuMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, sizokhuluma ngezinhlelo zokulekelela imiphakathi yakithi ukuba ibe nempilo engcono.

Siyajabula futhi ukuthi imiphakathi yakithi njengalapha eMvoti nje isiyakuqonda ukubaluleka kokuthi njengoHulumeni kumele size kubantu sikhulume nabo ngama-project alethwa kubona, ukuze bazizwe beyingxenye yezinhlelo zokulethwa kwentuthuko ezindaweni zabo.

Lokhu kuhambisana nokuthi njengoHulumeni sinesibopho sokunazisa kanti nani ninelungelo lokwazi ngemisebenzi yentuthuko eqhubekayo endaweni yenu. Engani nenqubo yentando yeningi iyakugcizelela ukuthi abantu kumele babe yingxenye yezinhlelo ezilethwa kubona, esithi i-*participatory democracy.*

Akumele abantu mhlambe baze bangene emgwaqeni bathi bayamasha kanti benziwa ukungazi ngezinhlelo abalethelwa zona.

Zimbili-ke izinto ezisemqoka esize ngazo lapha namhlanje. Okokuqala yilokhu esesiqale kukona kokuphendula isoyi lebhriji esizolakha lapha eDayingubo emfuleni uMvoti.

Njengoba besihlaba isoyi nje besesenza usiko lukaHulumeni lokufakazisa ukuthi umsebenzi usuyaqala, futhi sibongele nomphakathi ngokuhlomula ezinhlelweni zikaHulumeni wentando yeningi.

Sikhuluma nje umsebenzi wokuhlelela ukwakha, esithi i-design phase, usuqalile. Umsebenzi wokwakha wona uzoya kwithenda kumenywe izinkampani ezizoncintisana ngokuthola umsebenzi wokwakha kulezi zinsuku ezizayo ingakapheli nje le nyanga.

Imali esithole ukuthi kudingeka siyifake kulo msebenzi ingu-R12 million. Uma seliphelile leli bhriji, lizokwenza lula ukuxhumana phakathi kwe-Dalton, Matimatolo, Greytown, Ahrens ne-Kranskop, kuze kuyoshaya e-Stanger.

Lizophinda lixhumanise nezindawo zamakhosi okuhlanganisa eyaKwaNtanzi neyaKwaDlomo eMakhabeleni. Zombili lezi zindawo zamakhosi zinezikole okuyiKwayibusele Primary, Umbiko Secondary, abafundi bazo asebezosizakala uma bewela umfula. Kukhona nomtholampilo ongasohlangothini lwase-Dalton osekuzofinyeleleka kalula kuwona.

MaKhosi aseNdlunkulu ahloniphekile, njengoHulumeni-ke sinomgomo ongajiki wokuthi njengoba siletha lo msebenzi kule ndawo, kumele abantu bamaKhosi athintekayo kube yibona ababhekelelwa ngamathuba emisebenzi uma sekwakhiwa.

Futhi siyakugcizelela ukuthi lokho kumele kwenzeke ngaphandle kokubheka ukuthi umuntu ungowaliphi iqembu lepolitiki. Sihlale siziluleka futhi nezinkampani ezisuke zengamele umsebenzi wokwakha ukuthi uma zike zaphambana nalo mgomo ibhantshi liyogcwala umoya futhi siyikhiphe nasohleni lwezinkampani esiziqashayo njengoHulumeni.

Mangikuveze-ke futhi ukuthi lo msebenzi esiwulethe lapha namhlanje uyingxenye yeminye eminingi esiqhubeka nokuyiletha kule District yaseMzinyathi, u-DC24. Sikhuluma nje, ibalelwa ku-R346 million imali esiyifake kwingqalasizinda yomgwaqo eMzinyathi wonke ngalo nyaka wezimali ka-2011/2012.

Kule mali kukhona nebhekele osonkontileka bakaZibambele abangaphezulu kuka-1 800 abasebenza emigwaqeni yasemakhaya lapha eMzinyathi.

Njengoba ngishilo ekuqaleni ukuthi ukuza kwethu lapha kuthinta izinto ezimbili, okwesibili ukuthi njengoHulumeni sisembhidlangweni wokuvuselela onembeza kubantu bakithi, ikakhulukazi njengoba kuyisikhathi senjabulo kaKhisimusi, kodwa futhi sifuna kuqhubeke lokho nangemuva kwaKhisimusi.

Ngicabanga ukuthi iningi lethu selike lezwa ngomkhankaso ka-Operation Val’ingozi. Lona wumbhidlango wokuthi sikhulume nabasebenzisi bomgwaqo kanye nezigebengu uqobo.

Umyalezo ka-Operation Val’ingozi uthi: **‘Khuluma nonembeza wakho, ungawephuli umthetho, ungabulali abantu’.**

Ziningi-ke izinhlaka zemiphakathi eseziphumele obala zathi zifuna ukubambana noHulumeni ngesandla ukuqhuba lo mkhankaso. Kusukela siwuqalile nje ekuqaleni kwenyanga edlule u-November, uNgqongqoshe uMacingwane usehambele imiphakathi eminingi okuhlanganisa izindawo zasemakhaya namalokishi.

Ubuholi nemiphakathi yazo zonke lezi zindawo ebezikhungethwe ubugebengu ngezindlela ezahlukene, bazibophezele ngokusukuma bathathe indawo yabo basebenzisane noHulumeni ukuqinisekisa ukuthi senza izindawo zethu zibe izindawo okuhlalekayo kuzona.

Ngiyazi futhi ukuthi noma engasafikanga yena uqobo uMacingwane njengoNgqongqoshe kwezinye izindawo eziningi lapha esifundazweni, kodwa baningi abantu asebezimisele ngokubambisana nathi abathi bakhathele manje yizingozi zomgwaqo nalezo ezenzeka ngesandla sezigebengu

Kodwa-ke ukuze sifinyelele kahle kubo bonke abantu, uNgqongqoshe usakhe amathimba oMnyango wezokuPhepha nokuXhumana noMphakathi kuma-District wonke ayishumi, bese kuba yi-Metro yeTheku. Nalapha nje likhona ithimba elibhekene nesifunda saseMzinyathi, okuyilona elifinyelela nalapho engakwazanga yena njengoNgqongqoshe.

Yiwo la mathimba aba yizindlebe, amehlo, izandla nezinyawo zoMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi lapho ekhona. Yiwona esibheke ukuba nisebenzisane nawo ngokwethembeka.

Abantu balapha-ke eMvoti basikhombisile ngesikhathi sokhetho loMasipala ngo-May kulo nyaka, ukuthi bayakwazi ukuziphatha kahle bahloniphe umthetho.

Sekungumlando phela ukuthi ngaphambi kwalolo khetho saze senza ne-rally yomkhuleko eyayihlanganisa wonke amaqembu epolitiki futhi abantu bevunyelwe ukuza begqoke imifaniswano yamaqembu abo, futhi kwangabakhona nkinga ngaloko.

Namanje-ke sizohlaba ikhwela ukuba ningabi senehluleka manje ukubumbana ninodwa bese nibambisana noHulumeni ekulweni nobugebengu nezingozi zomgwaqo ukuze kube nokuphepha nenhlalakahle endaweni yenu.

Okunye okumele sikhulume ngakho futhi ukuthi njengobuholi besifundazwe sibe nokudumala ngemiphumela yakamuva evezwe nguNgqongqoshe wezeMpilo kuzwelonke, uDkt Aaron Motsoaledi, ukuthi kanti iKwaZulu-Natal isalokhu ihamba phambili ngokuba nengculazi eningi ezweni lonke.

UDkt Motsoaledi uveze ukuthi senyukile isibalo sabesifazane abakhulelwe abatholakala benegciwane lengculazi eNingizimu Afrika, lasuka ku-29,4% ngonyaka odlule laya ku-30,2% kulo nyaka. Uma kubhekwa ngokwezifundazwe, kutholakala ukuthi lesi sakithi yisona esihamba phambili.

Sizwile-ke nokho ukuthi i-District yaseMzinyathi inesibalo esiphansi sabanegciwane esifundazweni. Yingakho-ke sithi masilithathe leli thuba sikhuthaze ikakhulukazi abantu abasha, ukuthi lena makube yi-*trend* manje – wusikompilo olusha lolu – asingayibhebhethekisi ingculazi.

Abantu abasha makube yibona abasukumayo babambe iqhaza ukulwa nalolu bhubhane, bangavumeli ukungenwa yile mimoya yokuhambe beba wuvanzi badle nezidakamizwa ezibenza bagcine sebebhabhabala noma kuphi kanti sebezovuka nengculazi.

NasesiShayamthetho kuleli sonto uMacingwane ukuvezile ukuthi uMnyango usuphume umkhankaso wokuthola izinhlaka zentsha esizosebenzisana nazo ukuze sibuyise isithunzi sayo – silwe nokubhubhudlwa kwezidakamizwa nobugebengu okukhungethe yona intsha yakithi .

Sikholelwa ekutheni njengoba kuyiyona ehamba phambili kulezi zenzo zobumnyama, yiyona futhi okumele siyisebenzise kakhulu ukulawula isimo esidlebelekayo.

Sengigcina, ngithanda ukusho ukuthi phezu kwakho konke lokhu esikushoyo, ekugcineni kukumuntu nomuntu ukuthi uyakhuluma yini nonembeza wakhe ukuze angangeni futhi angafaki nabanye enkingeni.

Masihambe siyodla uKhisimusi noNcibijane omuhle siphephe size sibonane nangonyaka ozayo. Masingenzi sengathi akuseyophinda kube nomunye uKhisimusi esikhathini esizayo.

**Ngiyabonga**